ISIZULU

Umkhombandlela Wabantu

# #RSABUDGET2022

www.treasury.gov.za | RSA Budget | #RSABudget2022

Ushicilelo oluhlanganiswe ngokubambisana phakathi koMgcinimafa Kazwelonke kanye Nophiko Lwezentela eNingizimu Afrika

EKHISHWE NGU

national treasury
Department:
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: (012) 315 5757
www.treasury.gov.za

ULWAZI

## SIYINI ISABELOMALI?

NgoNhlolanja minyaka yonke, uNgqongqoshe wezeziMali wethula isabelomali sikazwelonke, lapho ememezela khona ukusetshenziswa kwezimali zikahulumeni, intela kanye nezinhlelo zokuboleka imali zeminyaka emithathu ezayo. Isabelomali sikazwelonke sihlukanisa imali phakathi kweminyango kazwelonke, izifundazwe kanye nemikhandlu.

## SIHLANGANISWA KANJANI ISABELOMALI?

1. Iminyango yenza imihlahlandlela yayo ekhombisa imininingwane ngesabelomali
2. Iminyango ibeka eqhulwini izinhlelo zayo futhi ihlanganise izinhlelo zokusetshenziswa kwemali nokuzibophezela ekuletheni izinsiza zomphakathi
3. Iziphakamiso zesabelomali zithunyelwa kuMgcinimafa Kazwelonke bese kudingidwa ngazo
4. Iziphakamiso zokwabiwa kwemali zicutshungulwa amakomidi Abaqondisi-Jikelele beminyango ehlukene
5. Izincomo zesabelomali zenziwa eKomidini Lingqongqoshe
6. Isitatimende Senqubomgomo Yesabelomali Sesikhathi Esimaphakathi siwumhlamhlandlela weSabelomali esizayo
7. Bese kuthi izabelo zinqunywa kwiSigungu esiphezulu sikahulumeni
8. Kulungiswa imiqingo yesabelomali
9. Isabelomali esikhulu siyethulwa
10. IPhalamende lidingida bese lamukela Isabelomali
11. Isabelomali bese sithunyelwa kuMongameli ukuze asicikice ukuze sibengumthetho



# AMASU AZOKWAZI UKUVUSELELA UMNOTHO

**Uhulumeni uke wenyusa ngokushesha kakhulu imali ezidingweni zezenhlalakahle ngesikhathi sezabelomali ezimbili zokugcina ezedlule ukuze kuvikelwe abantu baseNingizimu Afrika - ikakhulukazi amakhaya ampofu. Ukusetshenziswa kwezimali kwezempilo, ezemfundo, ezezindlu, izibonelelo zikahulumeni, ezokuthutha, izinhlelo zokuqashwa kanye nezinsizakalo zohulumeni basemakhaya kukhuphuke kusuka ku-58.2 wamaphesenti kuya 59.5 wamaphesenti wesabelomali phakathi kuka-2019/20 no-2021/22.**

Kucishe kube yingxenye yabo bonke abantu baseNingizimu Afrika manje asebethola imali yesibonelelo sikahulumeni okungenani eyodwa. Kusenjalo-ke, umnotho awukhuli ngokushesha ukuze abantu abaningi bathole imisebenzi, lokhu kubhebhethekisa izinga lokunganingani ngokwezomnotho kwabantu kanye nobubha.

Isabelomali sizama ukulinganisa imali engenayo kanye nesetshenziswayo. Uhulumeni ubesebenzisa imali engaphezulu kwaleyo engenayo lokhu-ke kwenze ukuthi izimali zomphakathi zibe buthaka. Lolukhondolo kumele lulungiswe. Kungenjalo, lokhu kuzophoqa ukuthi uhulumeni aboleke imali ethe xaxa ukuze akwazi ukukhokhela izidingo.

Umthamo wemalimboleko kahulumeni usukhuphuke wafinyelela kwizigidintathu ezingu-R4.35. Okungukuthi, kulolonke irandi eliqoqwa emalini yentela, amasenti angu-17 asetshenziselwa ukukhokha inzalo yalesi sikweletu - okuyimali ebingasetshenziselwa ukudala amathuba emisebenzi, ukuthuthukisa ezemfundo nokwakha izibhedlela. Uma lesi sikweletu singehliswa, singase siholele enkingeni enkulu yezomnotho nezezimali.

Cishe iminyaka emibili, iNingizimu Afrika ibilokhu idonsa kanzima ngenxa yobhubhane loKhuvethe kanye nokufadabala komnotho. Uhulumeni ubeke eqhulwini ukusindisa izimpilo zabantu nezindlela zokuziphilisa, kanye nokweseka abantu baseNingizimu Afrika abampofu kakhulu, kuyilapho ezinzisa izimali zomphakathi ngesikhathi sokufadabala komnotho okubi kakhulu eminyakeni engamashumi eyedlule. Ngenxa yokuthi ukuqoqwa kwentela kube ngcono kunalokho obekulindelwe nonyaka, uhulumeni uyakwazi ukuxhasa ngezimali izinhlelo eziningi eziphuthumayo. Kodwa ukuqoqwa kwentela okuthe xaxa kulindeleke ukuthi kube okwesikhashana. Uma umnotho wethu ukhula ngokushesha, imali engenayo izoba ngcono. Lokho kuzovumela uhulumeni ukuthi avale igebe phakathi kwezimali ezingenayo nemali esetshenziswayo, futhi azinzise izikweletu zakhe.

Isabelomali sihlinzeka ngemali eyengeziwe yesikhashana, ikakhulukazi ukuze kwengezwe izibonelelo zikahulumeni, ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi kanye nomkhakha wezempilo ukuze uqhubeke nokulwa noKhuvethe. Khonamanjalo, uhulumeni uzoqhubeka neqhinga lakhe lesikhathi esimaphakathi lokunciphisa ukushoda kwemali kanye nokumisa ukukhula kwezikweletu zikahulumeni. Isabelomali sika-2022 sizoqhubekisa isibonelelo sikahulumeni soKhuvethe sika-R350 ngenyanga izinyanga eziyi -12. Kodwa ukwelulwa kwaloluxhaso kwedlule ku Ndasa kunyaka ka 2023 kuzodingeka ukuthi kuhambisane nohlelo olungunaphakade lokukhokhela lesisibonelelo, okungasho ukukhushulwa kwentela noma ukwehliswa kwezinye izindleko zikahulumeni. Uhulumeni ucubungula izinhlelo nemiqathango kanye nenani lesibonelelo esingunaphakade sikahulumeni, kanye nezindlela zokuthola enye imali ukuze kukhoneke lesisibonelo. Ezinye izimemezelo zizokwenziwa kwiSitatimende Senqubomgomo Yesabelomali Sesikhathi Esimaphakathi kuwo lonyaka ophezulu (i-MTBPS).



# UMULAYEZO KANGQONGQOSHE

**Inqubomgomo yezimali - eyingxenye yezibophezelo zikaMgcinimafa Kazwelonke - ingelinye lamaqhinga abalulekile esinawo okubhekana nezinselelo zobumpofu, ukuntuleka kwemisebenzi kanye nokungalingani okubhebhethekiswe yinhlekelele yoKhuvethe.**

Isabelomali sonyaka wezi-2022 simayelana ngokusimama kwezimali Kanye nokuvikeleka kwenhlalonhle yomphakathi ompofu, okuyibona abahlukumezeke kakhulu ngezigameko zobhubhane, lesisabelomali sizophinde sikhulise umnotho.

Indlela yezezimali esiyikhethile ibandakanya ukuvimba kokukhula kwesikweletu sikahulumeni sibe sinciphisa ukwentuleka kwemali kwisabelomali. Siphinde sazibophezela ekutholeni amaqhinga nezindlela zokuqhubeka noxhaso lwezimali lwesikhashana ukuze sivikele abentulayo emiphakathini yethu ezimweni ezimbi kakhulu zobhubhane.

Ngaphezu kwalokho, sisebenzisa izinyathelo nezinqubomgomo okuhloswe ngazo ukukhuthaza ukukhula komnotho wesikhathi eside, ngokwenza izimo ezidingekayo ukuze sihehe abatshalizimali, sithuthukise amandla kahulumeni okugqugquzela ukukhula kwezomnotho, sibe siqinisekisa ukuthi imali yomphakathi isetshenziswa ngendlela eyaphambili nengenabudlabha.

Ukwenza konke lokhu akuwona umsebenzi olula. Kudinga ukuthi sibheke ezinye izindlela ezingcono kunezinye ezinobuhlakani nezinqumo ezinzima. Lokhu kuzodinga eminye imihlatshelo yesikhashana, nokuvimba ukusetshenziswa kwemali kabudedengu, ukuze sikwazi ukwakha indawo yezimali edingekayo ukuze utshale imali umnotho nokubuyisela izinga eliphezulu yokulethwa kwezinsiza. Kudinga futhi ukuthi sisebenzise ubuhlakani bethu esizalwa nabo kanye nokuqinisela njengabantu abahlale bemelana nazo zonke izingqinamba.

Eminyakeni emibili edlule, kusukela ubhubhane lwaqala ekuqaleni konyaka wezi-2020, sesibhekane ngqo nezinselelo zethu. Kancane kancane, siyaphumelela ukwakha kabusha umnotho wethu.

# UKUQINISEKISA UMNOTHO OQOTHO KANYE NOBEKEZELAYO




**Lolubhubhane luphazamise kabi amathuba emisebenzi, njengoba kulahleke imisebenzi eyizigidi ezi-2.1 kusukela ngesigamu sokuqala kunyaka wezi-2020. Kunobungozi bokuthi le misebenzi elahlekile ngeke iphinde ibuye.**

Ukuqubuka kodlame lomphakathi ngoNtulikazi ka 2021 KwaZulu-Natal kanye nezingxenye zase Gauteng kwalimaza umnotho wethu kwaqeda nemisebenzi. Izinhlelo zikahulumeni zokuvuselela kabusha umnotho zigxile ekudaleni amathuba emisebenzi kanye nokukhuliswa kwezibonelelo zikahulumeni. Lokhu kubandakanya ukuhlinzeka ngezinhlelo zokuqashwa komphakathi kanye nezibonelelo zentela. Kusenjalo, uhulumeni wenza izinguqukongqangi ukuze alethe amanye amakhono emnothweni futhi enze kube lula ukwenza amabhizinisi. Ukuqashwa kwabantu okuningi, nokwanda kwabantu abasebenzayo, kuzonyusa imali engenayo kanye nokusetshenziswa kwayo ngokuhamba kwesikhathi.

Uhulumeni wenze inqubekelaphambili ngezinguqukongqangi ezichazwe ku-MTBPS yanyakenye. Isibonelo nje, uMnyango wezoLimo, ukuBuyiswa koMhlaba kanye nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya uqashise ngomhlaba ongamahektha ayizi-200 000 kubantu ababekwe eqhulwini, lokhu kweseke amathuba emisebenzi kanye namabhizinisi amancane. Imiklamo engu-55 yengqalasizinda, enenani lezigidi ezingama-R595, ibekwe eqhulwini ukuthuthukisa ezikagesi namanzi ukuze kuthuthukiswe ukukhula komnotho ngokushesha.

uMgcinimafa Kazwelonke uzibekele ukuthi umnotho uzokhula ngamaphesenti angu-2.1 ngonyaka wezi-2022, okukhombisa ukukhula ngaphezu kwalokhu ebesikulindele. Kodwa-ke, imiphumela ephelele yalolu bhubhane ayikacaci, ikakhulukazi ekulahlekeni kwemisebenzi nokubambezeleka kokutshalwa kwezimali. Uhulumeni uhlele izinguqukongqangi ezibalulekile ukuvuselela ukutshalwa kwezimali, ukukhula komnotho kanye nokuqashwa kwabantu.

# UKUSETSHENZISWA KWEMALI KWINGQALASIZA UKUZE KUKHUTHAZWE UKUTSHALWA KWEZIMALI NOKUKHULA KOMNOTHO



**Imiklamo yengqalasizinda efanele ingasekela ukukhula komnotho wesikhathi eside, idale amathuba emisebenzi futhi inciphise ubumpofu. Uhulumeni uhlanganisa izinsiza namabhizinisi nezinye izikhungo ukuze kukhokhelwe utshalomali kwingqalasizinda.**

Ukusetshenziswa kwezimali kwingqalasizinda yomphakathi eminyakeni emithathu ezayo ilinganiselwa kwizigidigidi ezingama-R812.5 Izifundazwe nohulumeni basemakhaya kulindeleke ukuthi basebenzise izigidigidi ezingama-R194.4 kanye nezigidigidi ezingama-R194.3 kwingqalasizinda esikhathini esifanayo, ngokulandelana. Izindlu zomphakathi ezakhiwe ngoxhaso lwentuthuko yezokuhlaliswa kwabantu ezifundazweni kulindeleke ukuthi zibe nesamba esiyizigidigidi ezingama-R44.3. Lezizindlu zizodluliselwa kubaninizo. Eminyakeni emithathu ezayo, uhulumeni uzokwandisa amandla okuphehla ugesi, athuthukise futhi andise ezokuthutha, athuthukise ukuthuthwa kwendle namanzi. Uhulumeni uzoqhubeka nokugcina futhi athuthukisa ingqalasizinda yezempilo nezemfundo.

> "Eminyakeni emithathu ezayo, uhulumeni uzokwandisa amandla okuphehla ugesi, athuthukise futhi andise ezokuthutha, athuthukise ukuthuthwa kwendle namanzi"



# UKUSETSHENZISWA KWEMALI KWEZEMPILO UKUZE SILWE NOKHUVETHE

**INingizimu Afrika ibhekane nezigaba ezine ezinqala zokuthelelеka ngoKhuvethe, kanti bayizigidi ezi-3.6 zabantu abaqinisekisiwe asebehaqekile kanye nabangama-95 000 ukuthi bashonile ekupheleni kaMasingana kanyaka wezi-2022.**

Ukukhishwa komgomo woKhuvethe kubalulekile ukuvimba ukubhebhetheka kwegciwane kanye nokunciphisa ukuqina kokuthelana. Isamba sezigidigidi ezi-R2.33 sabelwe ukuqhubeka nokuthenga imigomo eyengeziwe kanye nokuhlinzeka ngemigomo kusukela ngoMbasa wonyaka wezi-2022 kuya kuNdasa wonyaka wezi-2023. Izifundazwe zizothola izabelo ezengeziwe zezigidigidi ezi-R15.6 kule minyaka emithathu ezayo ukulwa noKhuvethe kanye nokuhlangabezana nokushoda kwezinsiza ezibalulekile.

# UKUDALA IMISEBENZI NGOHLELO LOKUQASHWA KWABANTU LUKAMONGAMELI



**Uhlelo lokuqashwa kwabantu lukamongameli lwethulwa ngoMfumfu wonyaka wezi-2020 njengengxenye kahulumeni yokulwa nokuphazamiseka okufike noKhuvethe.**

Sikhulumanje, lolu hlelo selweseke abantu abangaphezu kwezi-840 000 ngokwakhiwa kwamathuba emisebenzi, ukugcinwa kwamathuba emisebenzi kanye nokusekela impilonhle yabantu. Eminyakeni emibili ezayo, izigidigidi ezi-R18.4 zabelwe lolu hlelo lokuhlinzeka ngosizo kubantu abayingxenye yesigidi. Loluhlelo lugxile ekuhlinzekeni imisebenzi ephusile kanye namathuba wokuziphilisa, ikakhulukazi entsheni engasebenzi.

"Eminyakeni emibili ezayo, izigidigidi ezi-R18.4 zabelwe lolu hlelo lokuhlinzeka ngosizo kubantu abayingxenye yesigidi"

## UHLELO LOKUGUQULWA KWESABELOMALI

**i-Vulekamali yasungulwa ngonyaka wezi-2018, iyingosi ekusizindalwazi elula ukuyisebenzisa nesizuze imiklomelo, ikuqethe imibhalo ehlobene nesabelomali.**

Sikhulumanje, lolulwazi lusetshenziswe izakhamuzi, izikhungo zemfundo, izintatheli kanye nezinhlangano zomphakathi. Lengosi ikhuthaza ukufundiswa komphakathi ngokusebenzisana kweSabelomali. I-Vulekamali ibilungiswa kwaze kwaba muva nje - uMnyango kaMgcinimafa Kuzwelonke ujabule ukumemezela ukubuya nokuthuthukiswa kwalengosi okuzoqala ngasekupheleni kwalo nyaka. uMnyango kaMgcinimafa Kuzwelonke, ngokubambisana nomfelandawonye wezinhlangano zomphakathi, IMALI YETHU, bazoqhubeka nokuhlinzeka ngolwazi olusha ngale nkundla.





## IZIBONELELO ZIKAHULUMENI

Izibonelelo zikahulumeni zizokweseka abantu abayizigidi eziyi-18.6 phakathi kukaMbasa nonyaka noNdasa wonyaka wezi-2023. Kulesikhathi, abantu abangeziwe abayizigidi ezingu-X bazothola isibonelelo sezenhlalakahle esikhethekile soKhuvethe. Lesi sibonelelo sikahulumeni esikhethekile sabelwe izigidigidi ezingama-R44 ukuhlomulisa abantu abakulungele lokhu ngo-R350 ngenyanga. Isabelomali sizokwenyusa izibonelelo ezingunaphakade ngokuhambisana nokwehla kwamandla emali.


| IZIBONELELO ZIKAHULUMENI | 2021/22 | 2022/23 |
|---|---|---|
| Isibonelelo sikahulumeni sabadala | R1 890 | R1 985 |
| Isibonelelo sikahulumeni sabadala abangaphezu kweminyaka engama - 75 | R1 910 | R2 005 |
| Isibonelelo somakade bebona bezempi | R1 910 | R2 005 |
| Isibonelelo sabakhubazekile | R1 890 | R1 985 |
| Isibonelelo sokunakekelwa kwengane ekungeyona eyakho | R1 050 | R1 070 |
| Isibonelelo sabangenabani | R1 890 | R1 985 |
| Isibonelelo sokunakekelwa kwezingane | R460 | R480 |

## IVELAPHI IMALI FUTHI IZOSETSHENZISWA KANJANI KU- 2022/23?


### IMITHOMBO YEMALI KAHULUMENI KU-2022/23




### UKUSETSHENZISWA KWEMALI NGUHULUMENI KU-2022/23:




## IZINKOKHELO ZIKAHULUMENI EZINGENANZALO KANYE NEZINENZALO SEZINDLEKO ZONKE




* Izindleko ezingeyona inzalo sezimali kahulumeni kungabandakanyi inzalo ekhokhelwa izikweletu.

# UKUHLONGOZWA KWENTELA 2022

SARS
At Your Service

## INTELA EKHOKHWA ABASEBENZAYO

### ZIKUTHINTA KANJANI IZINGUQUKO ZENTELA YEMALI?

Isabelomali sonyaka wezi-2022 sihlinzeka ngolwazi lokuxegisa intela ngamaphesenti ama-4.5 ngokwezigaba zabakhokhintela yeholo lomuntu siqu kanye nezaphulelo-ntela ezihambisana nezinga lokwehla kwamandla emali elilindelekile. Inani umuntu okumele alihole ngaphambi kokuba kudingeke ukuthi akhokhe intela kunyaka-ntela kusukela mhla lu-1 kuNdasa wezi-2022 kuya zingama-28 kuNhlolanja wezi-2023 kuhlelwe njengolokhu okulandelayo:

| INTELA NEZIGABA | UNYAKANTELA 2021/22 | UNYAKANTELA 2022/23 |
|---|---|---|
| Abadala ngaphansi kuka 65 | R87 300 | R91 250 |
| Abaphakathi kweminyaka ewu 65 - 74 | R135 150 | R141 250 |
| Abadala abangaphezu kuka- 75 | R151 100 | R157 900 |

Izigaba ezintsha zentela zomkhokhintela ngamunye zimi kanje:

| UKUXEGISELWA INTELA | UNYAKANTELA 2021/22 | UNYAKANTELA 2022/23 |
|---|---|---|
| Wonke umuntu ngamunye | R15 714 | R16 425 |
| Abano 65 nangaphezulu | R8 613 | R9 000 |
| Abano 75 nangaphezulu | R2 871 | R2 997 |

## INTELA-KUJEZISA

### INTELA YOTSHWALA NOGWAYI

Intela yophuzo oludakayo izokwenyuka phakathi kwamaphesenti angu-4.5 no-6 kanti emikhiqizweni kagwayi izokwenyuka phakathi kwamaphesenti angu-4.5 no-6.5.

| | IZOKONYUKA NGE: |
|---|---|
| Utshwala bomthombo | 11c ngekani eliwu-340ml |
| Iwayini elingahluziwe | 17c ngebhodlela eliwu-750ml |
| Iwayini elihluziwe | 33c ngebhodlela eliwu-750ml |
| Iwayini elihlohlozayo | 76c ngebhodlela eliwu-750ml |
| Utshwala obenziwe ngezithelo thizeni | 11c ngekani eliwu-340ml |
| Ugologo | R4.83 ngebhodlela eliwu-750ml |
| Intethe | R1.03 ngesikhuxwana esiwu-20g |
| Izinti zomkhiqizo kagwayi oshisiweyo | 78c ngesikhuxwana esiwu-20g |
| Intethe kagwayi | R1.16 ngesikhuxwana esiwu 50g |
| Ugwayi obhenywa ngombhobho | 37c ngesikhuxwana esiwu-25g |
| Izigazu | R6.7 ngesikhuxwana esiwu-23g |

## UKUNYUKA KWENTELA KAPHETILOLI

Ayizunyuka intela kaphethiloli kanye neyesikhwama sezingozi zomgwaqo. Okwamanje:

- Intela kaphethiloli ingu-R3.85 ilitha kanye no-R3.70 ilitha likadizili.
- Imali yesikhwama sezingozi zomgwaqo ingu-R2.18 ilitha kokubili uphethiloli nodizili.

Intela yokungcoliswa komoya kukaphethiloli izonyuka ngo-1 cent ilitha kusukela mhla ziyisi-6 kuMbasa wezi-2022. Lokhu kuzonyusa intela ibe ngu-9c ilitha likaphethiloli bese kuba ngu-10c ilitha likadizili.

## IZINGA LENTELA

### INTELA: YOMUNTU NGAMUNYE KANYE NAMA-TRUST

Intela ezokhokhwa abantu ngabanye onyakeni wentela ophela phakathi komhla lu-1 kuNdasa wezi-2022 nomhla zingama-28 kuNhlolanja wezi-2023

| Imali ezokhokhelwa intela (R) | Isigaba sentela (R) |
|---|---|
| 0 - 226 000 | Imali ezokhokhelwa intela izoba ku-18% |
| 26 001 - 353 100 | Imali ezokhokhelwa intela engaphezu kuka 226 000 izoba ku-26% kuhlanganiswa no 40 680 |
| 353 101 - 488 700 | Imali ezokhokhelwa intela engaphezu kuka 353 100 izoba ku-31% kuhlanganiswa no 73 726 |
| 488 701 - 641 400 | Imali ezokhokhelwa intela engaphezu kuka 488 700 izoba ku-36% kuhlanganiswa no 115 762 |
| 641 401 - 817 600 | Imali ezokhokhelwa intela engaphezu kuka R41 400 izoba ku-39% kuhlanganiswa no 170 734 |
| 817 601 - 1 731 600 | Imali ezokhokhelwa intela engaphezu kuka 817 600 izoba ku-41% kuhlanganiswa no 239 452 |
| 1 731 601 nangaphezulu | Imali ezokhokhelwa intela engaphezulu kuka- 1 731 600 kuzoba ngu-45% kuhlanganiswa no 614 192 |
| Ama-trust ngaphandle kwama trust akhethekile | Izinga lentela lizoba ku-45% |

### INTELA YENZUZO: IZINKAMPANI

Iminyaka yezimali ephela nganoma yiluphi usuku phakathi komhla lu-1 Mbasa ka-2022 kanye nomhla zingama-31 kuNdasa wezi-2023.

| Uhlobo | Isilinganiso sentela |
|---|---|
| Izinkampani | Kuzoba ngu-28% kwimali elungele ukukhokhelwa intela (kuze kube umhla zingama-30 kuNdasa)<br>Kuzoba ngu-27% kwimali elungele ukukhokhelwa intela (kuze kube umhla zingama-31 kuNdasa) |

### INTELA YENZUZO: IZINKAMPANI EZISAFUFUSA

Iminyaka yezimali ephela nganoma yiluphi usuku phakathi komhla lu-1 Mbasa 2022 kanye nomhla zingama-31 kuNdasa wezi-2023.

| Imali ezokhokhelwa intela (R) | Isigaba sentela (R) |
|---|---|
| 0 - 91 250 | 0% wemali ezokhokhelwa intela |
| 91 251 - 365 000 | 7% wemali ezokhokhelwa intela engaphuzu kuka 91 250 |
| 365 001 - 550 000 | R19 163 kanye no-21% wemali ezokhokhelwa intela engaphezulu kuka- 365 000 |
| R550 001 nangaphezulu | R58 013 kanye no-28% wemali engaphezulu kuka- 550 000 (kuze kube umhla zingama-30 kuNdasa)<br>R58 013 kanye no-27% wemali engaphezulu kuka- 550 000 (kuze kube umhla zingama-31 kuNdasa) |

### INTELA YENZUZO YAMABHIZINISI ASEMANCANE

Iminyaka yezimali ephela nganoma yiluphi usuku phakathi komhla lu-1 Ndasa 2022 kanye nomhla zingama-28 ku Nhlolanja wezi-2023.

| Imali ezokhokhelwa intela (R) | Isigaba sentela (R) |
|---|---|
| 0 - 335 000 | 0% wemali ezokhokhelwa intela |
| 335 001 - 500 000 | 1% wemali ezokhokhelwa intela engaphuzu kuka 335 000 |
| 500 001 - 750 000 | 1 650 kuhlanganiswa no-2% wemali ezokhokhelwa intela engaphezulu kuka- 500 000 |
| R750 001 nangaphezulu | 6 650 kuhlanganiswa no-3% wemali engaphezulu kuka- 750 000 |